**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHETHA UNYAKA EMBONINI YAMATEKISI ECLERMONT MHLAKA 27 NOVEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Usihlalo we-Durban West Region uMageza;
Usihlalo we-Clermont / KwaDabeka Taxi Association;
Ubuholi bonke bososeshini esinabo lapha;
Abaholi bezenkolo;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Abazalwane nomphakathi wonke;
Ngiyanibingelela.

Kuyintokozo enkulu namhlanje ukuba ngibe yingxenye yalo mcimbi ohlelwe yimboni yamatekisi ngenhloso yokukhuluma ngokuphepha bese sinxusa noMdali ukuba abe nathi ikakhulukazi njengoba sekuyisikhathi sikaKhisimusi.

Ngifisa ukubonga kakhulu kubo bonke ababambe iqhaza ekuhlelweni kwalolu suku lomkhuleko. Enikwenzayo kusho lukhulu kuthina, kusinika ithemba njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni wonke waKwaZulu-Natal ukuthi ekugcineni kukhona lapho siya khona ekulungiseni imboni yamatekisi.

Ngikusho lokhu ngoba phakathi kwezinselelo esesike sabhekana nazo njengoHulumeni wentando yeningi, zimbalwa esezike zaba inkananankana njengalezo ezihambisana nokuhlelwa kabusha kwezokuthuthwa komphakathi.

Kwabanye uma kukhulunywa ngezithuthi zomphakathi bavele babone isithombe esibi sezinhlekelele zezingozi nezidumbu ezisakazeka emigwaqeni yethu ngenxa yamakhumbi.

Embonini yethu yokuthutha umphakathi sesibone kaningi oshaya ‘sbhamu beqhulula inhlamvu ngisho nakubagibeli abangenacala emini kwabha, kanye nokusocongwa kwabantu okwenziwa ngobumnyama.

Namhlanje izwe lonke ligcwele abafelokazi nezintandane osekumele zibhekelelwe ngama-grant uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi no-SASSA, ngenxa yokuziphatha kwabantu abasembonini yamatekisi.

Kanti okumele singakukhohlwa ngukuthi imboni yamatekisi, njengomkhakha wezomnotho inomlando wayo yodwa. Ngaphandle kwebhola lezinyawo, asikabi nawo umkhakha wezomnotho ophethwe ngabantu abamnyama njengale mboni.

Ngakho-ke kumele sikugcizelele ukuthi ukungabikhona kozinzo nokuthula kule mboni nokuhlale kukhonjwa yona njalo ngenjumbane uma kukhulunywa ngezingozi zomgwaqo, kubukela phansi izimboni eziphethwe ngabamnyama.

Phakathi kwezinhlobo zezithuthi zomphakathi, imboni yamatekisi iyona ethwala abantu abaningi kuleli zwe njengoba bengaphezulu kuka-60%. Lapha KwaZulu-Natal sinephesenti eliphezulu-ke thina ngenxa yokungabi nezitimela ezindaweni eziningi njengalapha eClermont/ KwaDabeka.

Ngokwami ukubona, imboni yamatekisi kumele ibe yisibonelo esihle sokuxoxisana, hhayi nje mayelana nokuzithuthukisa kwezomnotho ukuze kusizakale abanikazi bemboni nabagibeli, kodwa ukuze kuphele nalo mqondo omubi wokuthi lena yimboni yodlame, ukufa nokungagcinwa komthetho.

Mphathi wohlelo, lo mcimbi uqhamuke ngesikhathi esikahle lapho isifundazwe saKwaZulu-Natal sinomkhankaso oqhubekayo wokulwa nezingozi zomgwaqo kanye nobugebengu jikelele esiwubiza ngokuthi u-Operation Val'ingozi.

Ngemuva kokuwethula laphaya eThekwini ekuqaleni kwale nyanga, sibe sesiqala siwusabalalisa nakuzo zonke izinhlaka esisebenzisana nazo kuhlanganisa imboni yamatekisi kanye namaBandla ezenkolo.

Ngijabulile-ke ukuzwa ukuthi inhloso yokumenywa kwami kulo mcimbi bekungukuthi phakathi kokunye ngethule lo mkhankaso. Kuyasithokozisa nokubona ziya ngokwanda izinhlaka eziphumela obala zithi ziyaweseka lo mkhankaso.

Sesike sahlangana nabezikole zokufundisa ukushayela nabo bawesekela ngokuphelele lo mkhankaso. Siyahlela futhi ukuhlangana nabashayeli bamatekisi, nabo okuyibona abathinteka akakhulu kulezi zingozi zomgwaqo.

U-Operation Val'ingozi uyimizamo yokubuyisa onembeza kuthina sonke. Umyalezo wethu ucace kahle: **'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.**

Ngokwesipiliyoni esesinaso kuyavela ukuthi abashayeli yibona abayimbangela yezingozi eziningi. Ngakho-ke ukusebenza kwethu kubhekene ngqo nabashayeli, ikakhulukazi onembeza babo.

Sibuza ukuthi uthini unembeza wakho uma ukhuluma ne-cell phone ushayela?

Uthini unembeza wakho uma usika lapho kungafanele khona?

Uthini unembeza wakho uma uhamba ngejubale eleqile?

Sithi khuluma nonembeza wakho, uyekele ukubulala abantu.

Ngalo-Operation Val'ingozi sigxile ekuqiniseni umthetho, sakhe ukubambisana nezinye izinhlaka, sikhuthaze ukuziphatha ngendlela nokuhlonipha umthetho lapho sizobe sifundisa khona ngokuphepha emgwaqeni. Sibheke kakhulu kulawo macala athathwa njenganomthelela kakhulu ekufeni kwabantu emigwaqeni yaKwaZulu-Natal.

Konke lokhu sikwenza ngokuqinisa izimvimbamgwaqo sibheke kakhulu amalayisensi okusebenza kwabathutha umphakathi, isimo semoto, isimo somshayeli nendlela umuntu aziphatha ngayo ngenkathi eshayela.

Sithi izingozi emigwaqeni yethu azizenzekeli nje, kodwa zenziwa ngumuntu osuke enze okuthile okungafanele. Ngakho-ke kumele sigxile ekuqwashiseni, ukufundisa nokuqinisa umthetho ukuze sinqande ukufa kwabantu bakithi.

Ngaphansi kuka-Operation Val’ingozi sibheka nokuthi ngeke yini umthetho wasivumela ukuphuca ilungelo lokushayela nelobunikazi bemoto kumuntu ophula umthetho ephindelela, ikakhulukazi uma enze ingozi.  Sisabheka nokuthi akumele yini siqinise nemibandela yokuthola imvume yokushayela ulayishe umphakathi (i-PRDP).

Siyabona liyanyuka nenani labashayeli izinkantolo ezibathola benecala lokubulala ngenhloso uma belimaze abantu emgwaqeni.

Sithi siwuHulumeni ingozi yomgwaqo ayenzeki ngephutha kodwa isikhathi esiningi kusuke kungamabomu nje abangwa ubudedengu nokunganaki komshayeli, ikakhulukazi ukungayiqapheli noma ukungayihloniphi imithetho yomgwaqo.

Ukunikeza umshayeli noma umnikazi wemoto isijeziso esingangokona kwakhe sikholwa ngukuthi kungaqinisa isiko lokuhlonipha nokwazi ukuthi okusempeleni phela ilayisensi yokushayela iyigunya nje, akulona ilungelo.

Sithi kumele silubone ushintsho manje. Kodwa futhi nakuba sibeka ithemba lethu ezinhlelweni ezifana nawo u-Operation Val’ingozi ukuthi uvule amehlo abantu bakithi, kuzoncika nakunina ngamunye ukuthi bathini onembeza benu.

Kubaholi bezenkolo sithi ngaphezu kwayo yonke eminye imikhakha yibona ababuqonda kahle ubunzima esibhekene nabo. Yibona abahlale bethandaza emingcwabeni yalabo abasishiye ezingozini zomgwaqo.

Ngiyaninxusa-ke nani ukuba nenze okungaphezulu komsebenzi wokungcwaba abashonile, nithathe nomsebenzi wokweluleka abashonelwe futhi nisebenzise izinkonzo zenu ukushumayela ivangeli lokuphepha emgwaqeni.

Kwabahamba ngezinyawo abalapha, sithi kumele nazi ukuthi ukuhamba emgwaqeni, ikakhulukazi udakiwe, kuneqhaza elikhulu ezingozini ezibandakanya izimoto nabahamba ngezinyawo.

Zingu-40% kuya ku-50% emadolobheni no-30% kuya ku-40% ezindaweni zasemakhaya izingozi zalolu hlobo okutholaka ukuthi abantu bebedakiwe.

Sengiphetha, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uzoqhubeka ulethe ingqalasizinda yomgwaqo njengokuyalelwa umthetho bese uqinisekisa ukuthi igcinwa isesimweni futhi isetshenziswe ngokuphepha.

Sizoqhubeka nokulwa nenkohlakalo nokukhwabanisa ezikhungweni zamalayisensi ezimoto nawokushayela.

Sizoqhubeka sifake izimali ukuze siqinisekise ukuthi umphakathi uyaziswa ufundiswe kahle ngako konke okuthinta ukuphepha emgwaqeni.

Ngakho-ke sithi ngokubambisana singaziqeda izingozi zomgwaqo. Ngokubambisana singenza iKwaZulu-Natal ne-South Africa ibe ngephephile kithina sonke.

**Ngiyabonga.**